*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Umhlaba wezimanga kaNkosazana Helen*
*(Miss Helen's Magical World)*
Illustrated by Wendy Morison
Written by Jacqui L'Ange
Designed by Nadene Kriel
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in City on Date, listed here: bookdash.org/book-dash-cape-town-august2014/

ISBN: 978-1-928497-72-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.







Hlangana nomngani wami, uHelen. Wazalelwa edolobheni elincane laseKaroo elibizwa ngokuthi yiNieu Bethesda. Kwakungekho okuningi okwenzekayo kuleli dolobha. Nokho wenza umhlaba wonke lapha. Wenza ngisho nami uqobo. Futhi wayetha ngegama lami indlu yakhe.

IBIZWA NGOKUTHI
"THE OWL HOUSE" (INDLU KASIKHOVA).





Iningi labafowabo nodadewabo bakaHelen abayisishiyagalolunye lase likhulile futhi selihambile ngenkathi efika.

Kodwa-ke wayesenabo odadewabo, u-Annie no-Alida. UHelen wayengenabo abangani abaningi endaweni le, kodwa wayengenandaba nalokho.

## KUSUKELA EKUQALENI, UHELEN WAYENZA IZINTO NGENDLELA EYEHLUKILE KWEYABANTU ABANINGI.



Ngemuva kokuba odadewabo behambile ekhaya, uHelen wayehlala yedwa nabazali bakhe. Wayezifela ngonina, kodwa wayemzonda uyise. Wonke umuntu wayevuma ukuthi uyise wayeyindoda engaqondakali.

Udadewabo omdala u-Alida wayevakasha umhlaba wonke. Ngolunye usuku wathumela uHelen iposikhadi eliphuma eGibhithe.

**Engqondweni yakhe, uHelen wayebona amakhosana namaphiramidi kanye namakameli ezihlabathini.**



Ngesikhathi ekhula, uHelen wayefunda izindaba ngezindawo ezikude. Wayezithanda ngokukhethekileyo izinkondlo eziphuma ePheshiya eseMpumalanga Emaphakathi.

Wayezibona esevakashele olwandle ngolunye usuku. Wabeka igobolondo lasolwandle etafuleni lakhe elaliseduze kombhede, futhi ezibona ngelengqondo ezwa umsindo wamagagasi ngaphakathi kwalo.



NOKHO PHELA, IZIKHOVA VELE KWAKUYIZINTO AZIKHONZILE KUNAKHO KONKE!



UHelen wayezithanda kakhulu izincwadi nezindaba ngendlela yokuthi wanquma ukuthi abe nguthisha. Wayenza kahle nakubo ubuthishela futhi. Kodwa-ke wabe esehlangana noJohannes Pienaar. Naye wayenguthisha, engumbhali futhi engumlingisi.

**WABE USEYAMLUTHA UKUZE ABALEKE NAYE.**






UHelen noJohannes bashada. Bahamba bevakashela amadolobha ahlukahlukene, befundisa baphinde badlale imidlalo. UHelen wayecabanga ukuthi angaqala ukuba nabantwana, njengoba odadewabo babenzile. Nokho akuhamba kanjalo. Yena nomyeni wakhe babehlale belwa njalo.

**KWATHI UMA UNINA KAHELEN ESEGULA KABI WANQUMA UKUTHI KWASE KUYISIKHATHI SOKUTHI ABUYELE EMUVA EKHAYA.**



UHelen wayengathokozile. Unina wayegula kakhulu, kanti uyise wayenenhliziyo encane. Waba yinkomo edla yodwa. Abantu babecabanga ukuthi akajwayelekile.

Ngosuku ashona ngalo unina emhlabeni, uHelen wayeka ikhandlela livutha eceleni kombhede wakhe ubusuku bonke. Ngosizo lwalokho kukhanya okuncane, uHelen wayezizwa engabesabi kangako ubumnyama.



PHELA UNGAKHOHLWA, THINA ZIKHOVA SASIKHONA KANYE NAYE. SASIMGADILE, SIMEMEZA SITHI WOO-WOO!



UHelen wanquma ukuthi ufuna ukukhanya empilweni yakhe. Waqala ngokuguqula indawo emzungezile. Nokho wayedinga abasizi. Amadoda amathathu aphuma endaweni yalapho, uJonas Adams, Piet van der Merwe noKoos Malgas, benza izinto ayezicabanga ngeso lengqondo ngocingo kanye nosimende.

Wagcwalisa ingadi yakhe engemuva ngezilwanyana ezithokozelekayo. Kwakukhona wena sithunzela namakameli, amamemeyidi namakati. Kanjalo nezikhova eziningi! Wayibiza ngokuthi yigceke lamakameli. Othangweni wenza uphawu ngomucu wocingo.

LWALUTHI:

*"This is my world"* (*Lona ngumhlaba wami*).





Emini uHelen wayenza imifanekiso eqoshiwe noma yokuxhunyiwe. Wayephinde aqoqe izingilazi nezibuko, amakhandlela nezibani.

Noma yini nje ekhanyayo. Wabeka amalantela egunjini ngalinye. Izibuko zazidonsa ziphinde zidlulise ukukhanya. Wamboza izindonga ngezicucwana zengilazi ebenyezelayo ukuze izindonga lezo zikhanye nazo.

Ngemuva kokuthi uyise kaHelen eseshonile, wasala yedwa nendlu. Njalo ebusuku wayelala egunjini elehlukile.

WAYEHLALE EKHETHA LEYO AKWAZI UKUBONA KAHLE KAKHULU INYANGA NEZINKANYEZI KUYO.

Abantu baseNieu Bethesda babehamba badlule isivande sikaHelen bamangazwe yizilwane ezazikuso.

Ezinye izingane zendawo zazimlethela amabhodlela engilazi okwakha izithombe zakhe futhi zimbiza zithi “Nkosazana Helen”. Wayehlale ezibonga ngamaswidi. Ezinye zazingenabungani kangako. Zazimbiza ngamagama anenhlamba zibuye ziphonse namatshe phezu kophahla lwakhe.

UNkosazana Helen wayechitha yonke imali yakhe ethenga ingilazi nosimende. Wayephila ngesinkwa netiye elimnyama.

Kudayari yakhe wabhala ukuthi: “Kumzwangedwa wami ngijabulile.”





# ISIVANDE SAKHULA, SAKHULA, KWAZE KWABA WUKUTHI AKUSEKHO NDAWO ESELE YOKUFAKA EZINYE IZILWANE.

UNkosazana Helen wayesekhathele manje. Izandla zakhe zase ziqinile futhi zibuhlungu. Amehlo akhe ayesevaleka ngenxa yokusebenza ngezicucwana zengilazi.

Wayengakwesabi ukuba yedwa, kodwa wayesabesaba ubumnyama. Kanti umhlaba wakhe wawuya ngokuya uba mnyama. Wayazi ukuthi kungekudala wayengasezukubona lutho nhlobo.



Kodwa ngenkathi evala amehlo akhe okokugcina, uNkosazana Helen akabubonanga ubumnyama. Wabona ilanga nenyanga nezinkanyezi. Wayebona amadoda ahlakaniphile kanye namamemeyidi, amakameli namakati, abagwilingi nezikhova ezinamehlo ansundu engilazi akhazimulayo.



KANTI THINA SISAMILE LAPHA NAMUHLA, NJENGENDLELA ASISHIYE SIYIYO, ESIVANDENI ASENZAYO, SIBHEKE EMPUMALANGA.

